

**REMARKS BY THE KWAZULU-NATAL ACTING FINANCE MEC MS B
SITHOLE-MOLOI (MPL) DURING THE ILEMBE DISTRICT
MUNICIPALITY ENGAGEMENT BETWEEN AMAKHOSI AND
COUNCILLORS**

EBANDLA HOTEL, BALLITO,

18 NOVEMBER 2022

Programmes Director, Cllr D Shandu;

COGTA MEC, Mr S Zikalala;

Ilembe District Mayor, Cllr T Shandu;

KwaDukuza Local Municipality Mayor, Cllr. L Nhanca;

Mandeni Local Municipality Mayor, Cllr T Mdlalose;

Ndwedwe Local Municipality Mayor, Cllr S Mfeka;

Maphumulo Local Municipality Mayor, Cllr S. Z. Nyatikazi

All Deputy Mayors and Speakers present;

Councillors;

Chairperson: iLembe Local House of Traditional Leaders, Inkosi Bhengu

Amakhosi onke asendlunkulu;

CEO Enterprise iLembe, Mr L Ncube;

Cogta HOD who is also the HOD Champion, Mr Tubane;

Municipal Managers;

All government officials,

Members of the media,

Sanibonani,

Namuhla usuku olubaluleke kakhulu kuthina njengoHulumeni wesiFundazwe saKwaZulu-Natal njengoba sihlangene lapha ukuzoqinisekisa ubudlelwane phakathi

kwethu njengoHulumeni, Amakhosi kanye nemiphakathi yonke yakithi ikakhulukazi eyakhele isifunda salapha Elembe.

I am saying this is an important gathering because part of the objectives of the programme is to heighten the cooperation between government and Traditional leaders. We know that for over the years Amakhosi have been a very important pillar in strengthening democracy and improving public development. The relationship between these institutions, government and Amakhosi had been blessed and championed by the departed King, His Majesty King Goodwill Zwelithini.

Siyajabula kakhulu ngoba ngemuva kokukhothama kweSilo obekubonakala ngathi kufuna ukudunga indlunkulu kodwa sekukwazile ukudaleka kozinzo. Sibonile sonke ngo mhlaka 29 kuMfumfu lapho Ingonyama yethu yaMazulu uMisuzulu kaZwelithini ibibekwa khona ngokusemthethweni. Sesibonile ukuthi uthe nje engena wayeseqala egijima ukuqinisekisa ukuthi lobubudlelwane obabuqaliswe ubaba wakhe buyaqhubeka.

Esikuthande kakhulu ukuthi ezinye zezinto athe uma nje engena wazibeka eqhulwini ukulwisana nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantu besifazane Kanye nezingane. Siyazi ukuthi lena ngenye yezingqinamba esibhekane nayo njengesizwe sase Ningizimu Afrika. Kulempelasonto esisuka kuyo uhole imashi yamadoda ewakhuthaza ukuba avikele abantu besifazane.

Programme Director, programmes of this nature are very important in amplifying the message especially as we are approaching the 25th of November which is the commencement of the 16 Days of Activism against Gender-Based Violence. This call to men would not have been made by somebody else other than His Majesty. We have doubt that this will go a long way in putting a stop to this inhuman epidemic.

As we are gathered here today we know that we all have a huge role to play in dealing with this scourge of violence against women and children in particular.

Kuliqiniso ukuthi abenzi balesihluku bahlala nathi emiphakathini, ngakho ke noma ngabe uyiNkosi, uyiNduna okanye uyiKhansela kubalulekile ukuthi sibambane sikhulume ngazwi linye ukulwisana nalesihlava.

Lokhu ngikusho ngoba kwezinye izindawo sisabhekene nenkinga yokuthwalwa kwezingane zamantombazane ziyoganiswa ngenkani.

Kwezinye izindawo kusekhona izigameko lapho kuhlukunyezwa khona izingane bese kuvunyelwana phakathi kwabazali kanye nezinduna ukuthi udaba alungabikwa emaphoyiseni.

Ngakho konke lokhu Mphathi Wohlelo ngizama ukubonisa ukuthi kubaluleke kangakanani ukusebenzisana phakathi kuka Hulumeni, Amakhosi kanye nemiphakathi. Uma singabambisana singasiqeda lesihlava.

As the KwaZulu-Natal government adopted the idea of combining Operation Sukuma Sakhe (OSS) with the District Development Model (DDM) which is an even more enhanced integrated service delivery model derived from the OSS programme.

The model aims to improve the coherence and impact of government service delivery. Under this model all three spheres of government coordinate and integrate development plans and budgets and mobilise the capacity and resources of government and civil society, including business, labour and community, in pursuit of inclusive growth and job creation.

Selokhu loluhlelo luqalile ukusebenza uyabonakala umehluko emiphakathini yakithi, njengoba inhloso yalo kusuke kungukuthi kubanjiswane ukulekelela imiphakathi yakithi. Yebo kuningi okungenzeka ngaphansi kwaloluhlelo, kodwa kuliqiniso elingephikiswe ukuthi kuningi kakhulu okuhle oselukuzuzile.

Esihlale sikukhuthaza kuma Khansela kanye naMakhosi ukuba aqikelele ukuthi nawo ayaba yingxenywe yemihlangano kuma warooms, aphinde akhuthaze yonke iminyango kaHulumeni ukuba imeleleke nayo kulemihlangano. Uma iminyango yonke imelelekile

kuma warooms kwenza ukusebenza nokulethela kwabantu izidingongqangi kube lula ngoba uma kuvela inkinga isheshe ixazululwe.